## HILLCREST HIGH SCHOOL

## UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2014
## ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA (FAL)
## IBANGA LESHUMI NANYE (GRADE 11)

## IPHEPHA LESITHATHU (PAPER 3)

**AMAMAKI : 100** **ISIKHATHI: 2 AMAHORA**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:

1.Leli phepha lemibuzo lineziqephu ezintathu.

ISIQEPHU A: I- eseyi – 50 amamaki
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa umyalezo -30 amamaki.
ISIQEPHU C: Imibhalo emifushane edlulisa umyalezo -20 amamaki.

2.Phendula umbuzo owodwa esiqeshini ngasinye.
3.Bhala ngolimi ohlolwa ngalo( isiZulu).
4.Qalisa isiqephu ngasinye ekhasini Elisha.
5. Bhala uhlaka luvele ngaphambi kwendaba.
6.Bhala ngobunono nesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A : I- ESEYI

1. Khetha isihloko **esisodwa** kwaezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama – 240.

**QAPHELA:** Uhlaka kumele luvele ngaphambi kwendaba ekhasini lwalo lodwa.

1.1. Umuntu Owangisiza Ngihluphekile. **[50]**

1.2. Izinselele Ezibhekene Nentsha Kulezi Zinsuku **[50]**

1.3. Ukubekezela Yikona Okungenze Ngaba Lapha. **[50]**

1.4. Ubuhle Nobubi Bemfundo Yamahhala Ezikoleni. **[50]**

1.5. Isalakutshelwa Sibona Ngomopho.
Bhala indaba ezokhombisa ukuthi uyasiqonda lesi saga. **[50]**

1.6. Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese ubhala indaba ezohambisana naso. Yiphe **Isihloko** indaba yakho. **[50]**



1.7. Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese ubhala indaba ezohambisana naso.
Yinike **isihloko** indaba yakho. **[50]**



**AMAMAKI ESIQEPHU A:[50]**

## SIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA UMYALEZO


2. Khetha umbuzo **owodwa** kwelandelayo ubhale ngawo ngamagama angama-80 kuya kwayi – 100.

2.1. Umalume wakho akaphumelelanga ukuba khona emcimbini wokugubha usuku lwakho lokuzalwa. Ube esekuthumelela isipho. Mbhalele **incwadi** ubonge lesi sipho akuthumelele sona. Menze abone indlela esibaluleke ngayo kuwena. **[30]**

2.2. Kushone ugogo wakho ngemuva kokugula isikhathi eside. Njengomzukulu obehlala naye ucelwe umndeni ukuba ubhale umlando wakhe ozofundwa ngosuku lokumfihla. Bhala- ke **umlando kamufi.** **[30]**

2.3. Umkhandlu omele abafundi esikoleni (RCL) ubunomhlangano wokudingida ngezenhlalakahle yenu esikoleni. Njengonobhala wale nhlangano uwena okumele uqophe amaminithi. Bhala phansi –ke **amaminithi** alo mhlangano. **[30]**

2.4. Bukisisa isithombe esingezansi bese ubhala **ingxoxo** ezohambisana naso. **[30]**



**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C
## IMIBHALO EMIFUSHANE EDLULISA UMYALEZO

3.Khetha umbuzo **owodwa** kwelandelayo ubhale ngawo ngamagama angama -60 kuya kwangama -80.

3.1.Udadewenu omdala kunawe uzobe emuliswa ngenyanga ezayo.Abazali bakho bajube wena ukuba udwebe ikhadi lesimemo salo mcimbi. Bhala phansi lesi **simemo.** [20]

3.2. Njengomphathi wobuxhakaxhaka bamakhompyutha( IT manager) nihlele ukuthuthukisa lo mkhakha endaweni yakho yokusebenza .Lokhu kuzokwenza abasebenzi bangakwazi ukusebenza ku- intanethi. Bhala **imemo** ebakhumbuza ngosuku nesikhathi salokhú kuphazamiseka ukuze bazilungiselele. [20]

3.3.Ngempelasonto edlule ubuphumile nabazali bakho niyochitha isikhathi eNyakatho nogu lwakaZulu Natali. Bhala **idayari** yakho ngokwenzekile ngalezi nsuku **ezintathu** nilapho. [20]

**ISAMBA SESIQEPHU C: 20**

**ISAMBA SEPHEPHA SESISONKE:100**